

Speech by MEC Neliswa Nkonyeni on the occasion of the Traditional Healers event in Richmond

20 October 2007

Programme Director
Minister of Health –Dr Manto Tshabalala Msimang
Honourable Premier –Dr SJ Ndebele
Representative from His Majesty
MEC for Agriculture – Mtholephi Mthimkhulu
MEC for Arts, Culture and Tourism –Mamweziwe Thusi
Richmond Municipal Mayor
Esteemed Councillors and officials
Abalaphi Bendabuko
Malunga Omphakathi ahloniphekile

Usuku lwanamhlanje nakanjani luzongena emlandweni walesifunda njengaloku luqalisa ngokusemthethweni imizamo yokusebenzisana nabelaphi bendabuko, uhulumeni engenelela ekutshalweni kwamakhambi okusetshezwa ngawo.

Namhlanje sizibonela ngamehlo ethu lezinhlalo okade thina lapha KwaZulu Natal sithi maziqalise mayelana ne **Unity in Healing**.

UMnyango wezeMpilo awukaze uthi une monopoly of wisdom mayelana nokulashwa kwezifo ezikhungethe abahlali.

UMnyango namanje usangxusa ukuthi kube khona ukubambisana emazingeni ahlukene, kufaka abalaphi bendabuko, abe Faith Based Organizations, othisha kanye namalunga omphakathi uma kubhekwe ezempilo.

Ngqongqoshe wethu kanye nawe Ndunankulu wethu, ngifuna ukusho ukuthi siyaziqhenya ngeqhasa lesifunda esilibambile kuthuthukiswa ubudlelwane nabelaphi bendabuko. SinguMnyango isinkulu indima esiyihambile sibambisene nabelaphi. Kumanje nje:

- Sinobudlelwane obuqinile ne University of KwaZulu Natal lapho imithi yabelaphi sithi mayihlolwe khona
- Isifunda sethu sinezinhlalo ezimile lapho kufundiswa khona abelaphi mayelana nezifo ezifana no TB
- UMnyango wezeMpilo abelaphi uyabanikeza ama gloves kanye nama razor, nokunye abakudingayo
- Ngokubambisana nabakwa PEFPAR kanye ne University yakwaZulu, abelaphi esibaqeqeshile ngezifo, sibanikeza izitifiketi.
- Ezinyangeni ezimbili ezedlule, lapha e thekwini sibe nengqngquthela enkulu yezinsuku ezintathu yabelaphi nalapho kade sihanjelwe nangabelaphi abavela ezweni ahlukene ase Africa kanye nezefundiswa.

Unity in healing, unity in Action.

SinguMnyango asifuni ukuthi igalelo labalaphi bendabuko lingahlonishwa ngoba siyazi amalunga omphakathi ayabasebenzisa. Ezinye izizathu ezenza kube lula yilezi:

- Abalaphi bethu bendabuko siyazi ukuthi abantu bayakwazi ukubavakashela ngisho emakhaya.
- Kwezinye izimo abalaphi bayakwazi ukuhambela abantu emakhaya lapho begulela khona.

- Umphakathi uyazi futhi ukuthi kubelaphi akhona nama Specialists, lapho kwaziwa khona ukuthi endaweni ethile iNyanga yakhona iyona umpetha ukulapha izifo zabantu abagula ngegqondo, ngokunjalo nangezinye izifo ezinhlobonhlobo.

Masibambisaneni ziningi izinkinga ezikhona njengaloku sibhekelele impilo yomuntu.

Ukusebenzisa sifuna kufinyelele kuzinga lapho abelaphi bezokwazi nokuthumela ezinye iziguli zabo ezibhedlela uma kubonakala ukuthi isiguli angeke sikwazi ukusizakala.

Okokugcina, masiboneni ukuthi ezinye zalezifo ezisaqhubeka zibulala abantu, zidlange kakhulu kulamazwe asathuthuka nantulayo, ngaleyondlela masihlanganiseni amakhanda, siphume nezisombululo, nayi nengculazi kuze kube manje asikakwazi ukuyilapha, yize siya ngokuyithena amandla ayo.

Fidel Castro would have said, **History will judge us**

Sizohlala sinisekela.

I thank you.